## ISIQEPHU A: ISIVIVINYO SOKUQONDISISA

## UMBUZO 1: UKUFUNDELA UKUQONDISISA

### 1.1 UMBHALO A (Ofundwayo)

1.1.1 Abakhiqizi basiza umphakathi ngezidingo zawo./Bavula amathuba emisebenzi.√ (1)

1.1.2 Yingoba basuke bengafuni ukuvula abathengi amehlo ngoba bezicabangela bona njengabanikazi bamabhizinisi.√√ (2)

1.1.3 Isiliphu siwubufakazi obulekelela umninisitolo ukuthi impahla ithengwe esitolo sakhe.√ Kubakhona imininingwane evelayo okuwusuku lokuthenga, ikhodi, inani lempahla ayithengile kanye nokunye.√ Kubakhona isikhathi sokuthi impahla uyithenge nini okulekelela umthengi noma umthengisi ukuthi impahla leyo ngabe isengaphansi kwesikhathi esifanelekile yini ukuthi ingabuyiselwa.√ (3)

1.1.4 Abathengi banelungelo lokubuyisela impahla engalungile noma engagculisi.√ kanti abadayisi banelungelo lokungayemukeli impahla eyonakele ngenxa yokuphathwa budedengu noma ngokungalandeli imiyalelo ebhalwe kuyo.√ (2)

1.1.5 D/Ukuhleka sakubhuqa.√ (1)

1.1.6 Umninisitolo usuke enza ubuqili ngoba umthengi engawazi amalungelo akhe.√ Usuke efuna ukuba aphoqeleke ukuthenga esitolo sakhe engabe esaya kwezinye izitolo.√ Usuke engasafuni ukukhipha imali esuke isingenile esitolo sakhe.√ (3)

1.1.7 Kungaba nomthelela wokuthi abantu angeke besabathemba osomabhizinisi bakuleli nemikhiqizo yabo.√ Izimboni eziningi zingavalwa ngenxa yokungayenzi inzuzo.√ Abantu abaningi bengaphelelwa umsebenzi kwande izinga lokuhlupheka.√ Kungancipha amathuba okuhwebelana namazwe angaphandle.√ (4)

1.1.8
- Ngiyavumelana ngoba sezaba ziningi izifo esezikhona esikhathini samanje/baqinisekisa ukugcinwa kwenhlanzeko.√√
- Angivumelani ngoba kungenzeka kube yisipho engisithengelwe omunye umuntu ongawazi usayizi engiwugqokayo.√√ (2)

1.1.9 Umbhali usiphethe kahle lesi siqephu. Ugqugquzela ukuthi osomabhizinisi badayise umkhiqizo osezingeni eliphezulu nabathengi bathenge umkhiqizo obajabulisayo√ ukuze babe nobudlelwano obuhle.√ (2)

**[20]**

1.2 **UMBHALO B (Obukwayo)**

1.2.1 Lesi saziso sazisa abathengi ukuthi uma ungumthengi unezimpahla ezingakugculisi, unelungelo lokuzibuyisela esitolo.√√ (2)

1.2.2 Isithombe soku-1 nesithombe sesi-2 zikhombisa abathengi abangagculisekile ngezimpahla abazithengile, basebenzisa amalungelo abo njengabathengi ukuzibuyisela emuva.√√ (2)

1.2.3 Ingaba nomphumela ongemuhle uma abathengi bebuyisela izimpahla emuva ngoba abanikazi bamabhizinisi bangalahlekelwa inzuzo futhi lonakale negama labo kubathengi./Kungaba nomphumela omuhle ngoba abanikazi bamabhizinisi bangabonakala bengabantu abawahloniphayo amalungelo abathengi.√ √ (2)

1.2.4 Umthetho ubambe iqhaza lokuthi uma abathengi bengagculisekile ngempahla abayithengile baba nelungelo lokuyibuyisela emuva√ ukuze balungiselwe impahla yabo eyonakele√, bese benikezwa impahla entsha√ noma babuyiselwe imali yabo.√ (4)

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU A: 30**

## ISIQEPHU B: UKUFINGQA

## UMBUZO 2: UKUFINGQA ISIQESHANA NGAMAGAMA AKHO

## UMBHALO C

## UKUFINGQA NGESIGABA

Izinto ongazenza ukunakekela umzimba wakho ebusika. Kumele uphuze iziphuzo ezifudumele ezingenayo i-*caffein* noshukela omningi. Ungakudli ukudla okunokolweni kanye nosawoti omningi. Okunalokho yiba nomuntu okusizayo ekuzivocavoceni nasekulolongeni umzimba wakho. Ungaba nomdlalo othile oziqokele wona ozowudlala nomngani wakho isikhathi sonke sasebusika. Ungakudli ukudla okuthengwe sekuphekiwe kodwa udle ukudla okuphekwe ekhaya ngendlela efanele nenempilo. Yiba nentambo yokudlala ingqathu ozoyisebenzisa uma ungayanga endaweni yokuzivocavoca. Kumele ugqoke izimpahla zokuzivocavoca ezifudumele zasebusika ukuze ungangenwa umkhuhlane. **(Inani lamagama 70)**

| Amaphuzu acashuniwe | | Amaphuzu owabeke ngamagama akho | |
|---|---|---|---|
| 1 | Kumele ugweme ukuphuza iziphuzo ezine-*caffein* eningi kanye noshukela omningi uma ufuna ukufudumala. | 1 | Phuza iziphuzo ezifudumele ezingenayo i-*caffein* noshukela omningi. |
| 2 | Gwema ukudla okunokolweni omningi, amafutha kanye nosawoti omningi. | 2 | Ungakudli ukudla okunokolweni omningi, amafutha kanye nosawoti omningi. |
| 3 | Thola umuntu ozokusiza ekuzilolongeni nasekuvocavoceni umzimba. | 3 | Yiba nomuntu okusizayo ekuzivocavoceni nasekuzilolongeni kwakho. |
| 4 | Thola umdlalo ozowudlala wena nomngani wakho ubusika buqala buze buyophela. | 4 | Yiba nomdlalo ozowudlala nomngani wakho isikhathi sonke sasebusika. |
| 5 | Gwema ukudla okuthengwe sekuphekiwe kodwa yidla ukudla okuphekwe ngendlela efanele ekhaya. | 5 | Ungakudli ukudla okuthengiwe kodwa yidla ukudla okuphekwe ekhaya ngendlela efanele. |
| 6 | Thola intambo yokudlala ingqathu uma ungayanga endaweni yokuzivocavoca. | 6 | Yiba nentambo yokudlala ingqathu ozoyisebenzisa uma ungayanga endaweni yokuzivocavoca. |
| 7 | Thenga izimpahla zasebusika ezifudumele zokuzivocavoca. | 7 | Gqoka izimpahla ezifudumele zasebusika uma uzivocavoca. |

**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU B: 10**

**ANNEXURE A**

**INDLELA YOKUMAKA UKUFINGQA**

Abafundi mababhale inani lamagama abawasebenzisile ngokuyiko.

- **Ukwabiwa kwamamaki:**
  - amamaki ayisi-7 awamaphuzu ayisi-7 (imaki elilodwa lihambisana nephuzu elilodwa).
  - amamaki ama-3 awolimi.
  - amamaki esewonke: 10.

- **Ukucozululwa kwamamaki olimi:**
  - 1–3 amaphuzu anembayo: nikeza imaki eli-1 olimini.
  - 4–5 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-2 olimini.
  - 6–7 amaphuzu anembayo: nikeza amamaki ama-3 olimini.

**QAPHELA:**

- **Isakhiwo:**
  Noma ngabe ukufingqa kwethulwe ngesakhiwo okungesona, kumele kumakwe.

- **Ukubalwa kwamagama:**
  - Abamakayo kumele baqinisekise inani lamagama asetshenzisiwe.
  - Alikho imaki okumele liphucwe ohlolwayo ngokuhluleka ukuveza inani lamagama awasebenzisile noma ukuveza inani okungesilo lamagama awasebenzisile.
  - Uma ohlolwayo eqile enanini lamagama amiselwe (80), kumele kufundwe amagama ama-5 kuphela angaphezulu kwamiselwe bese engasabhekwa amagama alandelayo ohlolwayo eqe ngawo.

## ISIQEPHU C: IZAKHIWO NEZIMISO ZOKUSETSHENZISWA KOLIMI

## UMBUZO 3

3.1 Kungangigqugquzela ngoba ukuphakamisa kwakhe izingalo kuvele amakhwapha amahle abushelelezi kukhombisa ukuthi lo mkhiqizo uyasebenza. √√ (2)

3.2 La magama akhuluma ngelanga lonke elingamahora angama-24 kepha esikhangisweni kubhalwe amahora angama-48.√√ (2)

3.3 B√/Uphawu olumele umkhiqizo.√ (1)

3.4 Ukuheha abathengi ukuba bangenele umncintiswano ukuze baziwinele ihempa yeDove.√ (1)

3.5 Kwelekelela kahle ngoba ukumamatheka kugqamisa injabulo uma usebenzisa lo mkhiqizo we-*Dove.* √√ (2)

3.6 Uma unamakhwapha amahle lo mkhiqizo okhangisiwe uyawavikela uphinde uwanakekele ukuze ahlale esesimweni esihle.√√ (2)
**[10]**

## UMBUZO 4: UKUQONDISISA EZINYE IZINGXENYE ZEMITHOMBO YEZINDABA

4.1 Wenzela ukuthola isikali esiyiso sesisindo somzimba wakhe.√ (1)

4.2 Umdwebi udlulisa umyalezo wokuthi kunabantu abathile abakwazi ukucekela phansi imizamo yabanye ngoba bona sebehlulekile.√√ (2)

4.3 B/Bangikhohlisile ngesisindo sami.√ (1)

4.4
- Owesifazane ogibele esikalini uyethuka umangazwa isisindo esikhulu akade engasilindele.√ Ubuye acabange ukuthi lo muthi abamthengisele wona wokwehlisa umzimba awusebenzi.√
- Owesifazane wesibili uthena amandla lo wesifazane ozikalayo ngokuciphiza isikali.√ Uyahleka ejatshuliswa ukumangala kwalo ozikalayo.√ (4)

4.5 Lesi sibiyelo samagama sigqamisa umuzwa wokucasuka kanye nokumangala kwalo wesifazane ngesisindo asibonayo abengasilindele.√√ (2)
**[10]**

**UMBUZO 5**

5.1 Abayizigwili/Abacebile
Abantu abayizigwili bafundisa izingane zabo ezikoleni ezibizayo.√√ (2)

5.2 Indodakazi kaMgobhozi/Umuntu wesifazane oshadile.√ (1)

5.3 Ozigwaze ngowakhe.√ (1)

5.4 B/Akahlali azinze√ (1)

5.5 Izikole eziningi sezizongathathi isinqumo sokuvala ukuphathwa kwabo emagcekeni esikole.√ (1)

5.6 Aphucwe.
Umfana kuzomelwe aphucwe zonke izinwele ukuze kuphole kahle ingozi esekhanda.√√ (2)

5.7 Izithombe ezingemukelekile zigcina sezibukwa yilaba bafundi.√√ (2)
**[10]**

**AMAMAKI ESIQEPHU C: 30**
**AMAMAKI ESEWONKE: 70**